ZWAKALISA UVO LWAKHO

UMthethosivivinywa WobuGebengu Obenziwa Nge-Inthanethi [B 6B-2017] (INdlu yesiShayamthetho sikaZwelonke– sec 75)

Isimemo Sezethulo Ezibhalwe Phansi

IKomidi Elingaguquki LezokuPhepha noBulungiswa limema ababambe iqhaza nabanentshisekelo ukuba bathumele izethulo ezibhalwe phansi mayelana **noMthethosivivinywa wobuGebengu obenziwa nge-Inthanethil [B 6B-2017]** (INdlu yesiShayamthetho sikaZwelonke– sec 75)**.**

UMthethosivivinywa wobuGebengu obenziwa nge-Inthanenthi, uhlose, phakathi kwezinye izinto:

- **ukubhekelela ukuba khona kwamacala azoba nezijeziso mayelana namacala enziwa nge-inthanethi;**
- **ukwenza ukuthi ukusatshalaliswa kwemilayezo yeminingwane eyingozi kube yicala futhi kuhlinzekelwe nokuba khona ukungenelela ngencwadi yokuvikela;**
- **ukuqhubeka ulawule izinga legunya mayelana nobugebengu obenziwa nge-inthanethi;**
- **uqhubeke ulawule abanegunya lokuphenya amacala enziwe nge-inthanethi;**
- **uqhubeke ulawule izinto ezifaka ukusizana mayelana nophenyo lobugebengu obenziwe nge-inthanethi;**
- **ukuhlinzekela ukusungulwa kokubekwa koMsizi oYedwa;**
- **uqhubeke uhlinzekele ukufakaziswa kwezinto ezithile nge-affidavithi;**
- **uphoqelele izibopho zokuthi kubikwe amacala enziwa nge-inthanethi;**
- **uhlinzekele ukwandisa amandla okwakha; futhi**
- **uhlinzekele ukuthi abaHoli bezwe bangene ezivumelwaneni naMazwe angaphandle ukukhuthaza izinyathelo eziqondiswe ekutholeni, ukuvimba, ukunciphisa kanye nokuphenywa kwamacala enziwa nge-inthanethi kanye nezinye izinto.**

Izethulo ezibhalwe phansi kufanele zibe sezitholakele engakadluli umhla ziyisi-**8 kuNdasa wezi-2019.**

Isicelo samakhophi oMthethosivivinywa, izethulo ezibhalwe phansi kanye nemibuzo kumele kuqondiswe kuMnz G Dixon, Select Committee on Security and Justice, 3rd Floor, Office 133, 90 Plein Street, Cape Town, 8001 noma nge-imeyili ku gdixon@parliament.gov.za noma ngefekisi ku 086 658 9371.

Sikhishwe nguMhlonishwa. SG Mthimunye, iLungu lePhalamende, USihlalo: IKomidi ElingaGuquki LezokuPhepha NoBulungiswa.